



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

FEBRUWARI/MASHI 2017

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-11.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
3. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhansi ELISHA.
4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
5. Faka izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
7. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40
9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISA**

- 1.1 Fundisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**BAPHELILE ABANTU NGENXA YOSOMATHUBA**

- 1 Osomathuba amaqili acabanga ukuthi wona angaqola abantu agcine engabanjwanga. Banobuhlakani obuyisimanga laba bantu futhi obusuke bucatshangwe kahle. Ubugebengu babo bugcina bubanziwe kwazise phela akukho qili lazikhatha emhlane. Ziningi izinhlobo zobjuqili obusetshenziswa yilabo somathuba. Ukugcwala kwabo emajele 5 akubaqedi amandla kunalokho baqhamuka namacebo amasha.
- 2 Kuyinto eyaziwayo ukuthi umuntu nomuntu uyakhathazeka uma impilo yakhe iba ntekenteke bese edumela noma yini ezwa kuthiwa iyasiza. Abanye basebenzisa amaqhingga okukhangisa imithi ethile babuye bayidayise. Kuvamise ukuthi kube eyokwelapha izifo ezixaka ngisho 10 odokotela imbala. Ngaleso sikhathi badlala ngabantu beNkosi behubhuza uhubhu kabhejane bethi imithi yabo ayisibheki isifo ngisho esinjani kanti badayisela abantu imithi engathi shu. Eminye yayo ibhebhethekisa lezo zifo. Babayekisa imishanguzo abasuke sebeyijwayele babathengisele le abathi izobasiza ngoba bebabona behluphekile. Ogulayo ngaleyo nkathi usuke eseshaywe ngemfe iphindwe. 15
- 3 Osomathuba bayazazi izikhathi zokwehlukaniswa kwemali yezitokofela. Ukudlala izitokofela bese kuhlukaniswa imali ngesikhathi esithile kwenza osomathuba babahlale ezithendeni labo abasuke benaleyo 20 mali. Bayabayenga ngezindlela ezithile zokuyizalanisa le mali. Kwesinye isikhathi babayalele nezindawo lapho bengathenga khona amasheya. Lezo zinkampani zamasheya zisuke zingekho emthethweni. Abantu ngenxa yokunganeliswa nokuthanda imali bayoyidela imali yabo abebeyisebenzele unyaka wonke bayoyizalanisa. Kuqambe kufika 25 isikhathi sokuvuthwa kwayo, sebeshaye bachitha osomathuba.
- 4 Osomabhizinisi abathile nabo bayibo osomathuba ngoba baqaphela indlela intsha nabanye abadala abathanda ngayo imfashini enamagama aphambili. Izikhwama, imigexo nezicathulo akusali lapho. Bakha impahla engekho ezingeni kodwa ecishe ifane naleyo enamagama aphambili. Kuba ubuthaphuthaphu bethenga labo abangawuboni umehluko behehwa ukuthi zibuthwa phansi. Bahleka kuvele elomhlathi labo somabhizinisi sebedlale ngabantu. Ngeke babekwa icala kakhulu ngoba abaphoqi muntu ukuba athenge. Inhoso yabo ukwenza wonke umuntu abe muhle nabo futhi bazuze kulokho. 30 35

- 5 Abasunguli nabaphathi bezikole ezingomahambanendlwana nalezo zomgonyathi bagcwele emadolobheni. Kuyaziwa ukuthi ukungaphumeleli kwabafundi umatikuletsheni kuyinkinga futhi kwenzeka minyaka yonke. Umfundu usuke engeke esaphindela kuleso sikole ekade efunda kusona ngenxa yamahloni nokusaba ukuhlekwa. Osomathuba abangabanikazi balezi zikole ezingabhalisiwe bazi kahle ukuthi umfundu osanganiswe ukungaphumeleli uheheka kalula. Bazikhangisa yonke indawo izikole zabo bese bezitholela itshe lemali. Kuyafundwa kepha izitifiketi eziphuma lapha kuba ngezomgonyathi. Abagcini lapho kamuva nje sebezama nokudayisa izitifiketi zemfundo ephakeme. Ihlazo liba lapho umuntu esedilizwa esikhundleni esiphakeme emuva kokuba sekwensiwe uphenyo ngezitifiketi zakhe kwatholakala ukuthi unezitifiketi zomgonyathi. Lapho uyobe esekhala nezinyoni sekumele achaze into angayazi belifuna abakwasidlodlo iqiniso. 40 50
- 6 Ukuziphaqula kuyinto enhle ngoba kukhombisa ukuthi uyazithanda. Kuhlupha lapho uma sekufaka impilo yomuntu engcupheni. Kusekhona abantu abasakholelwu ekutheni uma ukhanya ngebala umuhle kunawo wonke umuntu. Lo mkhuba wokuziguqula isikhumba sewenziwa ngisho osaziwayo abadumile. Osomathuba bavele babone ukuthi igcagcele esokeni. Bakha imithi enamakhemikhali enza isikhumba somuntu sibe nebala elikhanya kakhulu. Ziningi izinhlobo zalezi zimonyo futhi zimba eqolo. Zenzelwa amalulwane agcina esonakale isikhumba bese esabeka umuntu esemabalabala ukushiswa yile mikhiqizo. 55
- 7 Kukhona nohlobo lwabantu oluthi lwazi yonke imisebenzi ngisho naleyo okufanele ngabe iyafundelwa. Laba bantu banolimi olushelelayo lokukwenza ubakholwe uma bechaza ngogesi noma ngokuba ngabakhi. Kuthi lapho bezwa ukuthi udinga umapendane noma ukhaphenta basho kuqala ukuthi nalokho bayakwenza. Okubalulekile kubona kusuke kungukuthola umsebenzi bese beyahola. Bayoshaya bachithe bashiye bonile sebethole ithuba abekade belilangazelela. Labo somathuba bangochakijana bogcololo ngoba bayakwazi ukukukhiphisia imali bengakawuqedu umsebenzi. Uyothi ungabanika bashaye bachithe bangabonwa nangalukhalo. 60 65
- 8 Ayikho into ebuhlungu njengokubona isihlobo sakho sishada noma sishadelwa umuntu ongusomathuba, iqola uqobo lwalo. Omunye uyakwazi ukuthi abulale omunye ukuze athole ifa noma imali yomshwalense. Angahlela ukufa komyenzi noma kwenkosikazi yakhe bese ethola izigidigidi zamarandi. Omunye angamsayindisa amaphepha athinta ifa ukuba linikwe yena uma embona esegula. **Unembeza walo** 70 75 muntu usuke sewukade wadliwa yizinja. Ubulwane phela lobu!
- 9 Asibaqaphela osomathuba. Ukusebenza komuntu akungapheleli ezeni njengezithukuthuku zengcanga.

[Own source]

- 1.1.1 Shono ukuthi abanjani abantu ababizwa ngosomathuba ngokwalesi siqephu. (1)

- 1.1.2 Chaza ubuqili obenziwa osomathuba ukufinyelela ezimalini zabantu abasuke behlukanise izimali zezeitokofela ngokwalesi siqeshana. (3)
- 1.1.3 Sizathu sini esenza abantu abagulayo bayengeke kalula ukudayiselwa imithimbumbulu ngokwalesi siqephu? (2)
- 1.1.4 Chaza kafushane ukuthi kungani izimpahla ezinamagama abizayo zidayiswa ngobuningi osomathuba ngokwalesi siqeshana. (2)
- 1.1.5 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikeziwe.
- Isimo sokukhuluma esidwetshelwe sichaza ukuthi ...
- A igane umuntu emthandayo.
 B ihambe nesoka elithandayo.
 C kwenzeke into ayithandayo.
 D uthole umngani amthandayo. (1)
- 1.1.6 Ucabanga ukuthi yikuphi okungenziwa umphakathi ukwelekelela uhulumeni ukulwisana nezenzo zosomathuba ezidalulwe esiqeshini? (2)
- 1.1.7 Qhathanisa umqondo oqukethwe yisigaba sesi-3 kanye nesesi-5, bese unika iseluleko ngokungenziwa izakhamuzi zakuleli ukuze zingabi yizisulu zalobu bugebengu. (3)
- 1.1.8 Lyini inhloso yombhali yokubhala lesi siqephu? (2)
- 1.1.9 Ngabe umbhali walesi siqephu usisebenzise kahle yini isilwane esinguchakijana ukusifanisa nabantu abangosomathuba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.1.10 Phawula ngesifundo ositholile emuva kokufunda lesi siqephu ubhekise emagameni abhalwe ngokugqamile amayelana nokuphelelwa unembeza kosomathuba. (2)

KANYE NO

1.2 Bukisia lezi zithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Sithathwe sahunyushwa ku-Inthanethi]



[Sithathwe sahunyushwa ku-*Drum*, January 2015, p. 68]



[Sithathwe ku-*Bona*, p. 19]

- 1.2.1 Nikeza incazelo yegama elidwetshelwe esithombeni sesi-2. (2)
- 1.2.2 Chaza kafushane ngokwenzeka esithombeni soku-1 phakathi komthengi nomdayisi. (2)
- 1.2.3 Qhathanisa umbono ngokuqukethwe yisigaba sesi-2 kuMBHALO A kanye nesithombe sesi-2 esikuMBHALO B bese usho ukuthi kunamthelela muni ekwelashweni kwezifo ezingalapheki kuleli. (4)
- 1.2.4 Phawula ngenkulomo yomfundu osesithombeni sesithathu. Impendulo yakho mayikhombise ukuthi uwufundile UMBHALO A. (2)

AMAMAKI ESIQEPU A: **30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) sikhuluma ngendlela efanele yokubhala incwadi yokuzichaza (CV) ukuze uthole umsebenzi.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokuthola umsebenzi usebenzisa incwadi yokuzichaza ebhalwe kahle. Sebenzisa amagama akho angedluli kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**INCWADI YOKUZICHAZA EBHALWE KAHLE**

Kubalulekile ukuba ubhale kahle incwadi yakho yokuzichaza ('CV') ukuze ube sethubeni elihle lokubizelwa inhlolokhono nokuqashwa. Imvamisa incwadi yokuzichaza iyona equukethe ubunjalo bakho obungakubeka ngisho nasengcupheni yokungabizwa nhlobo uma ingabhalekanga kahle. Uma ufunu umsebenzi, incwadi yakho yokuzichaza iyona efika kuqala kumqashi engakakuboni wena siqu. Bhala incwadi yokuzichaza engathemelezi ngeminingwane engaqondene nalowo msebenzi owufunayo. Mayibe mfushane ukuze ongakuqasha akwazi ukuyifunda ngokushesha angazichitheli isikhathi ngeminingwane engenasidingo. Ikhasi lokuqala libaluleke kakhulu ngoba liyindawo lapho amehlo egijimela khona kuqala ukuthola imininingwane ebalulekile. Lokhu kuflanganisa ulwazi ngawe, indlela abangakuthola ngayo, imfundu yamabanga aphansi naphezulu neziqo ozizuzile.

Kungaba umqondo omuhle uma ungafaka izibonelo zemisebenzi osuyenzile ikakhulukazi emikhakheni ephathelene nobuciko. Izinto osuke wazenza emphakathini, izinto osuhlomulile kuzo nezinto onamakhono okuzenza nazo zibalulekile. Kungaba izitifiketi zokuthamela imicimbi noma izifundo ezithile. Yenaba kabanzi ngolwazi oluzuzile eminyakeni edlule kweminye imisebenzi oseke wasebenza kuyo. Makuvele nokuthi ungumuntu okungathenjelwa kuye, oneqiniso, okwazi ukusebenza nabanyeabantu nangaphansi kwengcindezi nozimiselayo ngomsebenzi wakhe.

Zinike isineke nesikhathi sokubhala incwadi yakho yokuzichaza. Lokho kuzokusiza ngokuthi ukwazi ukubona izinto ezingakulahlekisela ngamathuba. Uzokwazi nokwenza ucwaningo ngomsebenzi nenkampani ofaka kuyo isicelo. Sebenzisa le ncwadi yokuzichaza ukuzidayisa kabanzi ngokuthi kungani ungumuntu okufanele leyo nkampani imqashe. Incwadi yokuzichaza mayihambisane nokudingwa inkampani. Isibonelo, uma inkampani idinga umuntu ozoba ngumxhumanisi ngaphandle nangaphakathi makuvele ukuthi wena yini osuke wayenza ekhombisa ukuba ngumxhumanisi. Bhala incwadi ehambisana nencwadi yokuzichaza yakho leyo echaza kabanzi ngawe. Le ncwadi maybe ongakwazi ukuyisebenzisa kunoma yiluphi uhlobo lomsebenzi ozofaka kuwo isicelo.

Qinisekisa ukuthi izinkundla zokuxhumana azisho okwehlukile kulokhu okubhalwe encwadini yakho yokuzichaza. Umqashi noma inkampani ofaka kuyo isicelo somsebenzi kumele uyivumele ukuba ivakashele izinkundla zakho zokuxhumana ukuze baqinisekise ukuthi konke okubhalwe kule ncwadi yokuzichaza obanike yona kwaziwa abantu abaningi. Qinisekisa ukuthi *i-email address* yakho inamagama azwakalayo. Uma kungenzeka yenza *i-account* yokufaka izicelo zomsebenzi. Ungasebenzisi *i-email* enamagama alumelayo noma angabizeki. Ungakhohlwa ukusebenzisa amagama amakhulu ukuveza ulwazi lomsebenzi owufakela isicelo.


Thembeka ngolwazi olunikezayo ngaso sonke isikhathi. Ukuqamba amanga ubhale iziqu ongenazo kuyicala elibomvu. Kuyenzeka abanye bathenge izitifiketi zomgunyathi ukuze baqashwe. Abanye bayaye bathi banazo izincwadi zokushayela kanti do! Uyaqambe uyaqashwa unikezwa imoto adale umonakalo omkhulu kumbe kufe nabantu. Ungafihli lutho uma usuke waboshwa kuveze lokho. Qinisekisa inkampani ngokuthi isimo sakho sesahlunyeleliwa futhi usaqhubeka nezinhlelo ezikusizayo ukuba ungabuyeli kulolo daka. Cela umuntu omethembayo akubhekele ukuthi incwadi yokuzichaza yakho ibhaleke kahle.

[Icashunwe yahunyushwa ku-BONA, Meyi 2016]

AMAMAKI ESIQEPU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Icashunywe ku-www.cellphones.com]

- 3.1 Yini enganxenxa abafundi ukuba lesi sikhangisi basifunde? (2)
- 3.2 Chaza kafushane ngolimi oluqukethwe amazwi abhalwe ngokuggqamile kulesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Phinda ubhale umusho usulungise igama elidwetshelwe usebenzise ubhalomagama olufanelekile. (1)
- 3.4 Abafundi abasebenzisa umakhalekhukhwini ukubheka imiphumela yabo.
- Khetha impendulo engashayi emhlolweni ...
- A abanokuzethamba.
 B abanokulangazelela.
 C abanokubukisa.
 D abanentshisekelo. (1)
- 3.5 Chaza isu elisetshenziswe umkhangisi ukunxenxa abafundi balesi sikhangisi. (2)
- 3.6 Ake uncome ukabaluleka kwalesi sikhangisi kubafundi bebangla le-12. (2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

- 4.1 Chaza ukuhambisana kombala omnyama osemuva kwalona wesilisa kanye nesenzo sakhe. (2)
 - 4.2 Chaza kafushane ukuthi igama elidwetshelwe enkulumeni yowesimame likhombisa ubudlelwane obunjani phakathi kwakhe nomyeni wakhe. (2)
 - 4.3 Ucabanga ukuthi inkulomo ekule khathuni iyahambelana yini nesenzo salowo wesilisa okule kathuni? Sekela impendulo yakho. (2)
 - 4.4 Chaza umyalezo odluliswa umdwebi wale khathuni. (2)
 - 4.5 Phawula ngekhono lomdwebi ukusebenzisa isathaya kule khathuni ubhekise kumuntu wesifazane. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**AMADLOZI**

Isizwe samaZulu siyabahlonipha abantu abalele. Laba bantu asebalala babizwa ngokuthi amadlozi noma izinyanya. Kunenkolelo yokuthi idlozi yilona elibheke abantu bakubo abasaphila kulo mhlabo. Kubalulekile-ke ukuba bahlonishwe noma bengasabonwa ngamehlo. Asibakhumbule laba bantu futhi singabalibali.

Ayahlonishwa kakhulu amadlozi ngoba kukholakala ukuthi anamandla amakhulu. Amandla awo abonakala lapho umuntu evelelwa yizinhlanhla okukholakala ukuthi zilethwa yiwo amadlozi. Yingakho kufanele umuntu edamane ewahlabela ewabonga. Phela **idlozi liyabhekkelwa**. Kanjalo uma umuntu ehlaselwa amashwa kuye kubonakale sengathi idlozi lakubo limfulathelo. Kufanele ahlabe ashweleze ngoba usuke ewathukuthelisile amadlozi akubo.

5

10

Uma umuntu enento ethile ebalulekile afuna ukuyenza uye acele izinhlanhla kuwo ukuze izinto zakhe zimhambele kahle. Isilwane siyahlwatshwa bese inyama ibekwa emsamo kanye notshwala ukuze bayibone bese idliwa ngosuku olulandelayo

Idlozi lingazineza ngezimo ezahlukahlukene okungaba yizimo zezilwane ezifana nezinyoka, amashongololo, izithwalambiza amabhubesi nezinye. Zonke lezi zilwane ziyahlonishwa azibulawa ngoba zisuke zibika okuthile kulowo **mndeni**.

15 [Own source]

- 5.1 Tomula igama elitholakala emshweni woku-1 eliquethe umqondo wokuhlonipha. Phinda ulisebenzise leli gama emshweni ozakhele wona selenza umsebenzi wokulandisa. (2)
- 5.2 Khipha imisho eqondile equkethwe umusho ombaxa odwetshelwe emgqeni wesi-4. (2)
- 5.3 Nikeza umqondo wesakhi esidwetshelwe egameni elisemgqeni wesi-6. (1)
- 5.4 Nikeza igama elimqondofana kuleli elibhalwe ngokugqamile emgqeni we-16. Phinda ulisebenzise leli gama emshweni ozakhele wona likhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yalo. (2)
- 5.5 Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo.
- Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile sichaza ...
- A ungazifaki othandweni ngoba ulinga idlozi.
 B ungalini idlozi ngoba lingahle lithukuthele.
 C ungazifaki engozini ngoba uthembe idlozi.
 D ungalicabangeli idlozi ngoba aliludingi usizo. (1)
- 5.6 Sebenzisa isingasenzo esitholakala emgqeni wesi-7 emshweni ozakhele wona. (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPU: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70